

Rainbow WORKBOOKS

ZULU
GRADE R – BOOK 3
TERM 3
ISBN 978-1-431507-14-6
9th Edition
THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.

9 781431 507146

Aa Bb Cc Dd Ee Ff
Gg Hh Ii Jj Kk Ll Mm
Nn Oo Pp Qq Rr Ss Tt
Uu Vv Ww Xx Yy Zz
1 2 3 4 5 6 7 8 9 10

Ibuyekeziwe - Ihambisana ne-CAPS

IBanga R

INCWADI YESI-3

Igama:

Iklasi:

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

INCWADI YESIZULU

Incwadi yesi - 3

Ithemu 3

Zulu Lit GrR Book 3 Cover.indd 3 2014-08-13 03:36:24 PM



UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo
eyiSesekelo.



UMnu Enver Surty,
iSekela loMnyango
weMfundo eyiSesekelo.

Lezi zincwadi esizibiza ngeRainbow Workbooks esizenzele ukwamukela laba abancane (beBanga R) ziyingxenye ebalulekile yoMnyango weMfundo Eyisesekelo, ngoba kuhloswe ngazo ukuhlumelelisa ukufunda kwalaba bantwana baseNingizimu Afrika. Uphenyo lusiqinisekisile ukuthi abantwana abaye banikwa ithuba lokufunda ngale ndlela ngaphambi kokuyoqala iBanga loku-1, bafunda kangcono naseminyakeni elandela lapho – emazingeni aphansi kanye nakwamaphakathi. Kungakho kusungulwe lolu hlelo lokufundisa iBanga R ngale ndlela.

Izinto ezifundiswa emaBangeni aPhansi zikhombisa ukuthi kuyadingeka umntwana owenza iBanga R ukuthi anikezwe ithuba lokufunda, lokubhala kanye nelokubala, bese liqhakambisa futhi ukuthi laba bantwana bazodinga ukwenzela isesekelo esiqinile semfundo ukuze kube lula ukufunda uma befika eBangeni loku-1 nangaphezulu.

Lezi zincwadi zeBanga R zenziwe zaba nenjongo yokusiza abantwana ukuthi bakhulise lolu hlobo lwamakhono kanye nezinto zokuqala ezibalulekile empilweni yabo kwezemfundo. Ngaleyo ndlela kwakheka isesekelo esinqala ekufundeni kwabo. Kanti-ke lezi zincwadi ziveza amathuba amaningi okuthi abantwana bakhule bekujwayele ukusebenzisa amakhono abalungiselela imfundo yasesikoleni elandelayo.

Ngaphambi kokuthi laba bantwana balolongelwe ukufunda badinga ukusizwa bazi kuqala ukuthi incwadi ibanjwa kanjani, aphendulwe kanjani namakhasi ayo. Badinga ukwenziwa baqonde ubuhlobo obukhona phakathi kwamagama nezithombe ezisencwadini, bese beqonda futhi ukuthi amakhasi aqukethe amagama anemisindo nencazelo yalawa magama. Ngakolunye uhlangothi, kumele ngaphambi kokufunda ukubhala, umntwana akwazi ukuthuthukisa intshisekelo yemvelo yakhe yokuhlela kahle izinto, azijwayeze indlela izimo ezakheke ngayo, asuke kulokho azijwayeze ukubumba izinhlamvu. Yiwo-ke amakhono lawa lezi zincwadi ezihlelelwe ukuwathuthukisa ebantwaneni.

Siyazi ukuthi abantwana abakhuli ngomfutho nesivinini esifanayo kuleli Banga lika-R. Lezi zincwadi zihlelelwe ukukwazi ukusiza uthisha ukuthi asebenze ngokubambisana nomntwana esivininini sakhe, kuze kuthi noma kuvela isidingo, ahlehle naye umntwana encwadini, athathelele, bese ebuya naye futhi ehlabela phambili, amthuthukise ngesivinini adaleke ukuthi athuthuke ngaso. Imisebenzi yokwenziwa kulezi zincwadi iyamelekelela uthisha ukuvundulula izingqinamba anokuhlangabezana nazo umntwana ohambeni lwakhe ngokwemfundo, ukuze lezo zingqinamba zikwazi ukugotshwa zisagobeka kumntwana, angaze aqale imfundo esemthethweni zisekhona.

Lezi zincwadi zididiyela ukufunda, ukubala kanye namakhono, okwethulwa ngezindikimba ezingama-20, ezinezinto zokuzijabulisa ezibahehayo abafundi ukuthi bawunake bawujabulele umsebenzi okuzo. Sinethemba lokuthi abafundi bazokuthokozela ukusebenzisa lezi zincwadi ngenxa yemisebenzi ekuzo ngenkathi bekhula bethuthuka emfundweni. Kanye nokuthi-ke nawe njengothisha wabo, uzozibandakanya kanye nabo kukho konke lokhu.

Masicule







Nkosi sikelel' iAfrika
Maluphakanyisw' uphondo lwayo,
Yizwa imithandazo yethu,
Nkosi sikelela, thina lusapho lwayo.

Morena boloka setjhaba sa heso,
O fedise dintwa le matshwenyeho,
O se boloke, O se boloke setjhaba sa heso,
Setjhaba sa South Afrika – South Afrika.

Uit die blou van onse hemel,
Uit die diepte van ons see,
Oor ons ewige gebergtes,
Waar die kranse antwoord gee,

Sounds the call to come together,
And united we shall stand,
Let us live and strive for freedom,
In South Africa our land.

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Ninth edition 2019

ISBN 978-1-431507-14-6

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

This book may not be sold.

IBanga R

INALOKHU
- Ulimi
- Izibalo
- Amakhono empilo

Incwadi

yesiZulu

1	Ezokuthutha	2
2	Imisebenzi eyenziwa ngabantu	12
3	Amanzi	22
4	Epulazini	32
5	Indawo enempilo	42



Imiyalelo yezinto ezisikwayo ingasekugcineni kule ncwadi.





Le ncwadi ngeka-:



ISIZULU

Incwadi yesi-3

Ithemu 3

Ezokuthutha



Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.

Masenze

Kokelezela izithombe ngemibala efanele.

- Yiziphi izithuthi ezihamba ezweni?
- Yiziphi izithuthi ezihamba emanzini?
- Yiziphi izithuthi ezindiza emoyeni?







Masikhulume

Bheka izithombe bese uxoxa ngalokho okubonayo.
Ubona izinhlobo ezingaki zezithuthi?
Zingaki izingane ezeqa umgwaqo lapho kunemigqa khona?
Usebenzisa luphi uhlobo lwesithuthi uma uya esikoleni?
Zingaki izingane eziya ngezinyawo esikoleni sakho?



1.1



Masibhale Dweba isithombe ukhombise ukuthi uya kanjani esikoleni.



1.2



Igama lami ngingu-:



Masifunde

Bhekisisa izithombe ezilandelayo bese uxoxela umngani wakho ngokwenzeka esithombeni ngasinye. Emva kwalokho cabanga ngalokho okuzokwenzeka bese udweba isithombe sokugcina.

Inja kaNomsa nayo ifuna ukuya esikoleni, ngakho iyamlandela.

1



2



3



4

1.3



Masibhale

n



Landela uhlamvu ngomunwe wakho kuqala bese uthreyisa nangepensela. Qala echashazini.





Landela uhlamvu.



Masibhale

Gcwalisa uhlamvu **n** bese ulalela umsindo ngenkathi uphimisa kakhulu amagama.



u**n**ogwaja



ipe_n_i



u_n_wabu



ipa_n_i



i_n_aliti



ika_n_i

Bhala igama lakho bese unamathisela isitikha emsebenzini omuhle owenzile.

Igama lami ngingu-:

1.5



Masibale

Bheka isithombe bese ubheka ukuthi mangaki amabhanoyi, izimoto, ogandaganda, amaveni, izithuthuthu kanye namabhasi. Manje threyisa inombolo efanele eseceleni kwesithombe.





1 **2** 3 4 5



1 2 3 4 5



1 2 3 4 5



1 2 3 4 5



1 2 3 4 5



1 2 3 4 5

1.6



Masenze

Qedela ukudweba ibhasi, bese ulifaka umbala.





Bhala igama lakho bese unamathisela isitikha emsebenzini omuhle owenzile.



Igama lami ngingu-:

1.7



Masikhulume

Bheka izithombe bese uxoxa ngalokho okubonayo.
Ziguquke kangakanani lezi zinhlobo zezithuthi kusukela kudala?
Yiziphi izithuthi ezihamba phansi, emanzini kanye nasemoyeni?
Yiziphi izithuthi ezinamasondo?
Landela futhi ufake umbala emasondweni.















UTHISHA: Ukusayina _____ Usuku _____

2

Imisebenzi eyenziwa ngabantu





abacimimlilo



umshayeli wethekisi



udokotela nomhlengikazi



umakhenikha

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.



abasebenzi bomgwaqo





Masikhulume

Bheka isithombe esikhulu bese uthola bonke abantu abasisizayo.
Yisho ukuthi benzani ukusisiza.
Kufanele uwele kuphi emgwaqeni?
Yiluphi uhlobo lwemoto olubona esithombeni?

2.1

Masenze

Bheka izithombe bese uxoxa ngalokho okubonayo.
Manje dweba umugqa ukhombise ukuthi umuntu ngamunye usebenzisani.
Basisiza kanjani laba bantu?

























2.2



Masikhulume

Ngubani kulaba bantu
- osebenza ngezokuthutha?
- osebenza ngamabhilidi noma okhandayo?
- osigcina siphilile?
- osebenza ngokudla?

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.

Ezokuthutha





Usizo olutholakalayo





Impilo





Ukudla





Bhala igama lakho bese uzinikeza inkanyezi ngomsebenzi omuhle owenzile.



Igama lami ngingu-:

2.3

Masifunde Landela izinhlamvu zokuqala bese ufunda amagama.

s	 iSo	 iSobho	 iSaka
a	 i-aphula	 amafu	 amadada
t	 ithekisi	 ithende	 itafula
i	 isokisi	 isimaku	 izipikili
p	 ipeni	 ipani	 upende

2.4

Masifunde

Bheka isithombe esisohlwini lokuqala bese utshela umngani wakho ngenkinga oyibona esithombeni ngasinye. Manje dweba umugqa uye kumuntu ongasiza ngenkinga ngayinye yabantu abasesithombeni ngasinye?





















UTHISHA: Ukusayina _____ Usuku _____

2.5



Masibale Thikha amabhulokhi anezinto eziyi-**6**.



Zijwayeze ukubhala inombolo **6**.



2.6

Igama lami ngingu-:

Masenze Shayela la magama izandla.



udokotela

udo | kotela



umlimi

umli | mi



i-ambulense

i-a | mbule | nse



umakhi

uma | khi



umapendane

uma | pendane

2.7



Masibhale

m



umama

Landela izinhlamvu ngomunwe wakho uphinde futhi nangepensela. Qala echashazini.





Landela uhlamvu.



2.8

Masibhale Gcwalisa uhlamvu **m** bese ulalela umsindo ngenkathi uphimisa amagama.

 uli**m**i	 a_m_anzi
 i_m_oto	 u_m_uzi
 i_m_ali	 u_m_uthi

Bhala igama lakho bese uzinikeza inkanyezi ngomsebenzi omuhle owenzile.



Igama lami ngingu-:



3 Amanzi



Masikhulume

Yiziphi izilwane ezihlala emanzini?
Yiluphi uhlobo lokuthutha olubonayo?
Yini esetshenziswa yizingane ukuntanta emanzini?
Yiziphi izinto ozaziyo ezikwazi ukuntanta?
Yiziphi izinto ezingakwazi ukuntanta?

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.



Masenze

Sebenzisa izitikha ukunamathisela izingane eceleni komama bazo.











UTHISHA: Ukusayina _____ Usuku _____

3.1

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.



Masibhale

Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele.
Manje yisho ukuthi kuyacwila noma kuyantanta yini.



3.2



Masenze

Zidwebe wena ubhukuda, ugeza, ugwedla isikebhe noma udlala eduze noma phakathi emanzini.



Igama lami ngingu-:

3.3

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.

Masifunde

Yisiphi kulezi zilwane esikwazi ukubhukuda noma ukundiza? Namathisela izitikha ukubonisa ukuthi yiziphi izilwane ezibhukuda emanzini nalezo ezindiza esibhakabhakeni.



3.4

Masibale

Landela izinombolo kusukela koku-1 – 10 bese usiza abatshuzi ukuthi bathole umcebo.



UTHISHA: Ukusayina _____ Usuku _____



Masibhale

d



idolo

Landela uhlamvu ngomunwe bese ulandela ngokudweba ngepensela.
Qala echashazini.





Landela uhlamvu.



d dd d

3.6

Masibhale Gcwalisa uhlamvu **d** bese ulalela umsindo ngenkathi uphimisa amagama.



i d ada



_d_ ansa



i d ube



uno d oli



i d amu



_d_ onsa

Bhala igama lakho bese unamathisela isitikha somsebenzi omuhle.



Igama lami ngingu-:

3.7

Masibale Ohlwini ngalunye, dweba u-X ebhokisini elinesibalo esincane sezinto.












3.8



Masibale



Thikha ujeke onobisi oluningi.



Thikha inkomishi enetiye eliningi.





Faka umbala kula mabhodlela uwenze agcwale.







Faka umbala kula mabhodlela uwenze agcwale.





ligcwele

licishe lagcwala

alinalutho

4

Epulazini



Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.





Masikhulume Bheka isithombe bese uxoxa ngalokho okubonayo.
Wake wavakashela epulazini?
Yiziphi izithelo ozibona esithombeni?
Yimiphi imifino oyibona esithombeni?
Uyayitshala yini imifino ekhaya?
Yenzani ingane ngayinye?



Masenze Sebenzisa izitikha zakho ukuqedela iphethini.





4.1



Masenze

Namathisela izithelo nemifino kumakholamu afanele.
Xoxa ngokuthi isithelo nomfino ngakunye kunambitheka kanjani uma ukudla nokuthi kuzwakala kanjani uma kuthintwa.
Yisho amagama akho bese ushaya izandla ulandele isigqi.

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.

izithelo		imifino	
			
i-aphula	iwolintshi	ubhontshisi	ikabishi
			
amagilebhisi	ubhanana	uphisi	isipinashi
			
uphayinaphu	ipheya	izambane	ukherothi
			
uphopho	ipetshisi	ummbila	ithanga

4.2

Masibale Bala lezi zithelo nemifino bese uthreyisa inombolo efanele.

	3	4
	1	2
	5	3
	4	5
	2	1
	4	6
	7	6
	6	7

UTHISHA: Ukusayina _____ Usuku _____

Ukulima nokufuya



4.4

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.



Masikhulume

Bheka isithombe bese uxoxa ngalokho okubonayo.
Benzani laba bantu?
Yimiphi imikhiqizo esiyithola kuleli pulazi?
Siluthola kuphi ubisi?
Yiziphi izinhlobo zokudla esingazenza ngobisi?
Siwuthola kuphi uvolo?
Siwusebenzisa ukwenzani uvolo?
Siwathola kuphi amaqanda?
Siluthola kuphi uju?

4.5

Masifunde

Dweba umugqa ukukhombisa ukuthi yimiphi imikhiqizo esiyithola kulezi zilwane?











4.6

Masibale Siza umnikazi wepulazi ukubala izilwane.


+

= 3


+

=


+

=


+

=

Igama lami ngingu-:

4.7



Masibhale

g



ugogo

Threyisa uhlamvu ngomunwe bese ulandela ngepensela.
Qala echashazini.





Threyisa uhlamvu.

g g g g g

4.8

Masibhale Gcwalisa uhlamvu g bese ulalela umsindo ngenkathi uphimisa amagama.



igundane



umgwaqo



igagasi



ugogo



amagilebhisi



amagilavu

Bhala igama lakho bese unamathisela isitikha somsebenzi omuhle owenzile.

Igama lami ngingu-:

UTHISHA: Ukusayina Usuku

5

Indawo enempilo



Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.



Masikhulume

Bheka isithombe bese uxoxa ngokubaluleka kwendawo ehlanzekile.
Zenzani izingane ukugcina izinkundla zokudlala zihlanzekile?
Singaphinda siwasebenzise kanjani amathini namaphepha amadala?

5.1



Masenze

Yimiphi imisebenzi yezandla ongayenza ngamaplastiki namaphepha amadala? Sebenzisa izitikha ukukhombisa ukuthi ungawahlela kanjani amaphepha, amaplastiki kanye nezingilazi ezindala ngokukufaka emigqonyeni eyahlukahlukene ukuze kuphinde kusetshenziswe.

Namathisela izitikha ezikhaleni ezifanele.

Ingilazi



Iphepha



Iplastiki



5.2



Masibale

Faka umbala konxantathu abayi-7 bese uthreyisa inombolo.



Faka umbala ezikweleni eziyi-7 bese uthreyisa inombolo.



Faka umbala eziyingini eziyi –7 bese uthreyisa inombolo.



Zivivinye ngokubhala inombolo 7.







UTHISHA: Ukusayina _____ Usuku _____



Masibhale

O



iyoyo

Threyisa uhlamvu ngomunwe bese uphinda uthreyisa ngepensela.
Qala echashazini.





Threyisa uhlamvu.



5.4

Masibhale Gcwalisa uhlamvu **o** bese ulalela umsindo ngenkathi uphimisa amagama.



il o li



ug o g o



is o sha



is o s o



is o kisi



im o to

Bhala igama lakho bese unamathisela isitikha somsebenzi omuhle owenzile.

Igama lami ngingu-:



Masikhulume

Bheka isithombe bese uxoxa ngokuthi kwenzekani ebusika.
Wenzani ukuzigcina ufudumele ebusika?
Izitshalo zithinteka kanjani?
Izilwane zithinteka kanjani?
Sidlani, sidlaleni futhi sigqokeni ebusika?









5.6

Masenze

Faka lesi sithombe umbala.
Wazi kanjani ukuthi wusuku lwasebusika lolu?



5.7



Masibale

Threyisa inombolo.
Manje faka umbala enanini elifanele lezinto emgqeni ngamunye.

1



2



3



4



5



6



7



Masibale

Sika la makhadi emachashazini, ubone ukuthi ungaziqondanisa yini izithombe nezinombolo ezifanele.

Uqaphele ukuthi la makhadi ayaphenduleka.



1



2



3



4



5



6



7



8



Masenze Sika ukhiphe la makhadi ulandele imigqa emnyama bese uqondanisa uhlamvu nesithombe esifanele.



Uqaphele ukuthi la makhadi ayaphenduleka.

a



i-aphula

n



ikinati

p



ipeni

m



umama

o



imoto

d



idada

t



ithekisi

s



isoso

5.9

Masibale Siza umgcinizilwane abale izilwane.



UTHISHA: Ukusayina _____ Usuku _____

Okusikwayo



Umdlalo wokukhumbula:
Sika amakhadi ulandele amachashazi amnyama.
Xova amakhadi uwabeke abheke phansi etafuleni.
Embula amakhadi amabili ngesikhathi.
Uma evumelana wabeke eceleni. Thola ukuthi ngubani okwazi ukwenza lokhu aqede abeke eceleni wonke amakhadi kuqala.
Sebenzisa ikhono lakho lokukhumbula udlale umdlalo wokushaya amakhadi nomngane wakho.



Ukulandelanisa amakhadi:
Sika la makhadi uwabeke ngokulandelana uphinde uxoxe indaba evezwa wukulandelana kwawo.





Ukufunda incwadi:
Landela imiyalelo wakhe incwadi yezinto ezisikwayo. Hamba nayo uye ekhaya ufike ufundele abangani bakho namalunga omndeni.



IZINTO ZAMI EZISIKIWE



Masenze

Sika ikhasi emgqeni wamachashazi phezulu bese ulinamathisela ngemuva ekhaveni ikhasi wakhe iphakethe. Gcina izinto zakho ezisikiwe kulesi sikhwama ukuze zingalahleki.

NAMATHISELA LAPHA
NAMATHISELA LAPHA
NAMATHISELA LAPHA


AMBULANCE
AMBULANCE





Izilwane zifuna ukudla izitshalo.



Utamatisi uzoba mkhulu ube bomvu.



Sinemifino eminingi esizoyithengisa emakethe.

Sivame ukutshala imbewu



UNomsa noSam basebenza engadini zonke izinsuku.



Ngizodla utamatisi emini.



UNomsa unisela izitshalo.

Sizodla utamatisi masinyane nje.





Bebelapha bonke abantu bezobona ingadi.


















USara kumele alale embhedeni. Uyashisa kakhulu.



USara unozimungumungwana. Unamabala amaningi esikhunjeni.



USara usengcono futhi. Uzoya esikoleni. Uzokwazi futhi ukudlala nabangani bakhe.



Kuhle ayobona udokotela





USara uya kudokotela.
Udokotela utshela uSara ukuthi
kumele ahlale ekhaya.



USara unomzimba oshisayo.
Uyagula, akakwazi ukuya
esikoleni.



USara uyagula
akadli ekuseni.



USara uphuza imithi yakhe.